St Alphonse Parish Newsletter

Volume 4 Issue 4 www.stalphonse.org.za FEBRUARY 2011

Donation : R2.00

IBANDLA ELIKHATHOLIKA LIKHULE NGO 12% EMHLABENI

RTE-News
IBandla eliKhatholika emhlabeni likhule ngokweshumi nambili ekhulwini (12%) eminyakeni eyisishiyagalombili kusukela onyakeni ka 2000. Likhule kakhulu ezwenikazi lase Africa. I Vatican's Statistical Yearbook yeBandla ikhombisa ukuthi amaKhatholika akhule kusukela ku 1.045 billion ngo 2000 kuya ku 1.166 billion ngonyaka ka 2008
E Africa isibalo samaKhatholika sikhule ngamashumi amathathi nantathu ekhulwini (33%) kulandlel izwekazi lase Asia ngeshumi nesithupha ekhulwini (16%). (**Iqhubeka ekhasini lesithathu**)

OKUQUKETHWE NGAPHAKATHI

Izifundo zango Feb/March 2011 - Page 2

Izifundo zonke zangolwesithathu lomlotha – Page 2 - 3

Inkambo yabacwebileyo (St Jude Thaddeus no St John Bosco) – page 4

UKUBALULEKA KOLWESITHATHU LOMLOTHA

Thulani Jili

Ebandleni eliKhatholika uLwesithathu loMlotha (Ash Wednesday) usuku lokuqala lokuzila lapho amakholwa engena esikhathini sokuzinqabela nokuzithiba, okuyisikhathi esiphela ngokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristo.

Lelisiko lidala kakhulu futhi liyatholakala emaphepheni asendulo e Gregorian Sacramentary nakuyilapho igama elithi "dies cinerum" okusho ukuthi "usuku lwemilotha" lichazwa khona.

EMiseni langoLwesithathu lomlotha kusetshenziswa umlotha obusisiwe owenziwe ngokushiswa kwamasundu ayesale ngeSonto lamaSundu bese ehlanganiswa namanzi ayingcwele bese kuhagwa ngempepho.

EMiseni-ke amakholwa eza phambili bese uMphriste ngesandla sokudla egcobhoza emlotheni ngesithupha bese enza uphawu lwesiphambano esiphongweni sekholwa ethi "Khumbula muntu ukuthi uwuthuli futhi uyobuyela othulwini."

Umlotha usikhumbuza ngobuze bethu nanokuthi siphila okwesikhashana ikakhulukazi uyisimemo sokuba siphenduke ezonweni zethu. IBandla eliKhatholika liyagcizelela ekuzisondeliseni noNkulunkulu ngolwesithathu lomlotha ngokuba sizile ezintweni ezinjengokudla inyama. Ukuzinqabela nokuzithiba akusiyona nje indlela elula yokuphenduka, kodwa kufanele sihlolisise kabanzi izimpilo zethu ngokomoya.

Njengoba kuzoqala isikhathi sokuzila kufanele sibe nemigomo esizibekela yona futhi sazi ukuthi sizoyilandela kanjani kuze kufike isikhathi sokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristo. Eminye yemigomo ukuya njalo emaMiseni kanye nokuvuma (confession). Sengathi uNkulunkulu angasikhanyisela njengoba sesizongena esikhathini sokuzila ukuba siqonde kabanzi ukuthi sisho ukuthini ukuze sikwazi ukusigcina ngendlela efanelelyo.

IZIFUNDO ZANGO FEB/MARCH 2011 – NYAKA A

27 FEBRUARY 2011 (Isonto lesi-8 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Isaya 49 : 14 - 15

Ingqikithi: *"Anginakunikhohlwa, kusho iNkosi"*

Isihlabelelo : *"Thokomala kuNkulunkulu, mphefumulo wami."*

Isifundo sesibili : 1 Khor. 4 : 1 - 5

Ingqikithi: *"INkosi iyakudalula amacebo ezinhliziyweni. "*

IVANGELI : Mt. 6 : 24 - 34

Ingqikithi : "Maningazixobiseli ikusasa"

06 MARCH 2011 (Isonto lesi-9 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Duteronomi 11 : 18, 26 - 28

Ingqikithi: *"Bhekani, ngibeka phambi kwenu isibusiso nesiqalekiso"*

Isihlabelelo : *"Nkosi, yiba kimi idwala engingaphephela kulo."*

Isifundo sesibili : Rom. 3 : 21 – 25ª, 28

Ingqikithi: *"Umuntu ulungiswa ngokholo ngaphandle kwemisebenzi yoMthetho"*

IVANGELI : Mt. 7 : 21 - 27

Ingqikithi : "Indlu eyakhiwe phezu kwedwala, nendlu eyakhiwe esihlabathini"

IZIFUNDO ZANGOLWESITHATHU LOMLOTHA

MARCH 9 2011

Isifundo sokuqala. (Joel 2 : 12 – 18)

"Dabulani izinhliziyo zenu, ayi izingubo zenu nje."

Inkosi ithi : "Salani seniphendukela kimi ngenhliziyo yonke ngokuzila nangokukhala nangokulila. Dabulani izinhliziyo zenu, ningadabuli izingubo zenu nje, niphendukele eNkosini uNkulunkulu wenu. Ngoba unomusa nesihawu, uyabekezela, ugcwele ububele, uyadabuka ngokubi athi uynehlisela khona." Mhlawumbe uzobuye akuyeke, anishiyele isibusiso, ukuze nethule eNkosini uNkulunkulu wenu iminikelo yokudla neyokuphuza.

Shayani icilongo eSion, nimemezele ukuzila okuyingcwele, nibize umbuthano, nihlanganise ibandla, lihlanzwe; nibuthe abadala , niqoqe ngisho nezingane nabancelayo. Umyeni makavuke ecansini lakhe, nomakoti aphume ekamelweni lakhe. Abapriste, izinceku zeNkosi, mabakhale phambi kwelathi, bathi:"Shwele Nkosi, hawukela abantu bakho, unganikeli abantu abalifa lakho ehlazweni hleze abezizwe babahleke usulu babagcone bathi: 'Unkulunkulu wabo uphi na?' " Lapho-ke iNkosi yabuya yanakekela izwe layo, yahawukela abantu bayo.

Nalo-ke izwi leNkosi

Isihlabelelo sokuphendula

Isiphendulo : *Sihawukele, Nkosi, ngoba sonile*.

Ngihawukele , Nkulunkulu ngokwesihawu sakho esikhulu; ngokobuningi bokuhawukela kwakho, sula ububi bami.

Ngihlanzisise icala lami, ungigeze izono zami (Sihawukele.....)

Lokhu angiphiki ububi bami, isono sami siphambi kwami njalo. Ngonile kuwe wedwa, engikwenzile kubi emehlweni akho. (Sihawukele.....)

Nkulunkulu, awudale kimi inhliziyo emsulwa, uvuselele umoya oqotho enhliziyweni yami. (Sihawukele.....}

Ungangixoshi ebusweni bakho, noMoya wakho ongcwele ungangimuki wona. (Sihawukele.....)

Yenza ukuba ngibuye ngithokoze ngosindiso lwakho, ungiqinise ngomoya omuhle. Nkosi, awuvule umlomo wami, ulimi lwami lubike udumo lwakho. (Sihawukele.....)

Isifundo sesibili (2 Khor. 5 : 20 – 6 :2)

Xolisani kuNkulunkulu ... Bhekani, nasi isikhathi manje somusa

Bazalwane, singamanxusa kaKristo, kungathi uNkulunkulu uyala ngathi. Sincenga, sengathi uKristo uncengisisa ngathi sithi, xolisani kuNkulunkulu. Yena owayengenasono, uYise wamenza umhlatshelo wokushweleza izono ngenxa yethu, ukuba thina senziwe ngaye ukulunga kukaNkulunkulu. Lokhu sisebenzisana naye uNkulunkulu siyanincenga sithi: maningalamukeleli ize igrasiya likaNkulunkulu. Ngoba uthi:"Ngesikhathi somusa wami ngikuzwile, ngosuku losindiso ngikusizile." Bhekani, nasi isikhathi manje somusa nantu usuku manje losindiso.

Nalo-ke iZwi leNkosi

Ibika leVangeli (Hl. 50 : 12ª no 14ª)

Nkulunkulu , ake udale kimi inhliziyo emsulwa, ubuye ungithokozise ngosindiso lwakho.

IVangeli

Uyihlo obona ekusithekeni uyokubuyisela

Kuleyonkathi uJesu wathi kubafundi bakhe:"Qaphelani ningenzi imisebenzi yenu elungileyo phambi kwabantu ukuba nibukwe yibo, funa ningabi namvuzo kuYihlo oseZulwini. Ngakho-ke uma upha, ungakhalisi icilongo phambi kwakho, njengoba kwenza abazenzisi ezindlini zokusonta nasezindleleni, ukuze badunyiswe ngabantu. Ngiyaqinisa ngithi kini sebewamukele umvuzo wabo. Kodwa wena lapho uphayo, isandla sakho sokhohlo

(**liqhubeka ekhasini lesithathu**)

IVangeli (lisuka ekhasini lesibili)

Masingakwazi esikwenzayo isandla sakho sokunene, yikhona isipho sakho siyoba sekusithekeni, uYihlo-ke obona ekusithekeni, akubuyisele.

Nalapho nikhuleka, ningenzisi okwabazenzisi, abathanda ukukhuleka bemi ezindlini zokusonta, nasezinhlanganweni zezindlela, ukuba babonwe ngabantu. Ngiyaqinisa ngithi kini sebewutholile umvuzo wabo. Kodwa wena lapho ukhuleka , ngena ekamelweni lakho, ubusuthi uvalile emyango ukhuleke kuYihlo ekusithekeni, uYihlo-ke obona ekusithekeni uyokubuyisela.

Nalapho nizila ukudla, ningenzi njengabazenzisi, ninyakame, ngoba bahlinisa ubuso babo, ukuze babonakale kubantu ukuthi bazilile. Ngiyaqinisa ngithi kini, sebewamukele umvuzo wabo. Kodwa wena uma uzila, gcoba ikhanda lakho lakho ugeze ubuso bakho, ukuba ungabonakali kubantu ukuthi uzilile, ubonakale kuYihlo osekusithekeni, uYihlo-ke obona ekusithekeni uyokubuyisela."

Yiwo amazwi eNkosi eVangelini leiyingcwele.

13 MARCH 2011 (Isonto loku-1 lenkathi yokuHlawula)

Isifundo sokuqala : Genesis 2 : 7 – 9; 3 : 1 - 7

Ingqikithi: *"Ukudalwa kwabantu bokuqala nokona kwabo"*

Isihlabelelo : *"Sihawukele, Nkosi, ngoba sonile."*

Isifundo sesibili : Rom. 5 : 12 – 19 noma 5 : 12, 17 - 19

Ingqikithi: *"Njengoba ngecala lomuntu munye abantu bonke bathola ukulahlwa, ngokunjalo ngokulunga kwamuntu munye abantu bonke bathola ukuthethelelwa ngokuchichimayo"*

IVANGELI : Mt. 4 : 1 - 11

Ingqikithi : "UJesu uzila izinsuku ezingamashumi amane, alingwe"

20 MARCH 2011 (Isonto lesi-2 lenkathi yokuHlawula)

Isifundo sokuqala : Genesis 12 : 1 – 4a

Ingqikithi: *"Uabram ubizwa nguNkulunkulu abe uyse wesizwe sakhe."*

Isihlabelelo : *"Umusa wakho, Nkosi, mawube phezu kwethu, njengoba sibhekile kuwe."*

Isifundo sesibili : 2 Thim. 1 : 8b - 10

Ingqikithi: *"UNkulunkulu uyasibiza, asikhanyisele "*

IVANGELI : Mt. 17 : 1 - 9

Ingqikithi : "Ubuso bakhe bacwazimula njengelanga."

UKWANDA KWAMAKHATHOLIKA EMHLABENI (ISUKA EKHASINI LOKUQALA)

I Americas ne Oceania ikhombise ukukhula ngeshumi nanye ekhulwini (11%). Izwekazi lase Europe alinamyakazo obonakalayo ngoba likhule ngokukodwa ekhulwini (1%).

Emhlabeni wonke isibalo sabapriste sikhule ngokukodwa ekhulwini (1%) kusukela ku 2000 kuya ku 2008. I Afrika iyona ehamba phambili ngesibalo sokukhula kwenani labapriste okungamashumi amathathu nantathu ekhulwini (33%) kulandele izwekazi lase Asia ngamashumi amabili nanhlanu ekhulwini (25%).

E Americas isibalo asishintshanga kangako kodwa e Europe isibalo sabapriste sehle ngesikhombisa ekhulwini (fell by 7%) kanjalo nase Oceania, okuyindawo ehlanganisa kusukela eNew Zealand kuya olwandle lwase Phillipine, isibalo sabapriste sehle ngokune ekhulwini (fell by 4%).

ISAZISO

UMA UNGOWESILISA USHADILE UFISA UKUBA YINGXENYE YAMADODA EBANDLA, BONANA NO MNU DAVID ZULU NOMA UMNU T JILI. SITHOLAKALA NJALO EMVA KWAMAMISA ANGESONTO.

INKAMBO YABACWEBILEYO



SAINT JUDE THADDEUS

U Judas Thaddeus ongumphostoli nomfelukholo uzalwa ngumnewabo kaJoseph uMondli kaJesu. Igama lakhe lalinganambitheki kahle ngenxa ka Judas Iskariote owakhaphela uJesu. Waphila emhlabeni ngesikhathi seNkosi uJesu Kristo.

U Judas Thaddeus uphiwe amandla aqondene naye yedwa okuthi lapho sebethula du, iNkosi ingabatsheli lutho ngawe yena asondele kuwe lapho wena ucabanga ukuthi ushiyiwe, awunakiwe, usuphele ithemba. Yena ungocwebileyo osiza ekuxazululeni izinkinga ezinzima.



SAINT JOHN BOSCO

"Intsha Ngokwenkolo Nangokobuntu"

Wazalelwa e Italy ngo1815 washona ngo1888. Ukuhlanganiswa kuka John Bosco nentsha kwaqala ngephupho esemncane lapho abona khona abafana abaningi bedlala kodwa iningi labo lalilwa futhi lithukana. Ephusheni kwabuye kwavela iNkosi Enomusa yathi kuye kufanele azuze abafana abanjengalabo.

Umsebenzi wakhe wawusukhonjisiwe kuleliphupho ukuthi wayezoqeqesha intsha kwezenkolo nangokobuntu. Waba yingqalabutho ekusunguleni izikole zokufundisa imisebenzi ngoba wayethatha umsebenzi njengento ewusizo emfundweni; ekusizeni abanye, kanye nasosindisweni lwabantu. **Isiqubulo sakhe sasithi: "Ongathandazi akahlali la."**